## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| *1. Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 7 |
| | | |
| 3 *Umshado* | 35 | 10 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| *4. Ababulali Benyathi* | 35 | 12 |
| | | |
| *5. Icala Kaliboli* | 35 | 14 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 16 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.*** | | |
| 7.1 *'Wakubona wakubeletha'* | 17 | 19 |
| | | |
| 7.2 *'Inja nengalo'* | 18 | 20 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.*** | | |
| 8.1 *'Izimomondiya'* | 18 | 21 |
| | | |
| 8.2 ‘*Kudla fumuka kudle silaza’* | 17 | 22 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa*

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Beqeda nje ukwehlukana noNomkhizo, bengakaqali ngisho ukubingelelana njengezithandani, babone umuntu njenganjeya ehalazela. 'Loya muntu ozayo sengathi nguZabalaza nje. Ngibona sengathi useshelele ngoba namhlanje azikho izinsizwa zangakubo. Ngizomncamisa ngimfunge uNomkhizo wakwethu.' Washo la mazwi uSandanezwe wabonakala eshintsha nasebusweni. 'Wenzeni manje uZabalaza Mkhumane ngoba ngithi uyazihambela nje?' 'Shh! Thula wena uzobona khona,' washo ngokufutheka noNokulindela wabona ukuthi hhiya ayingangaye. Ngaleso sikhathi wayeselokhu eqinisa izinduku zakhe ubona nje ukuthi yinsizwa yomZulu ayehlukani nezinduku zayo. 'Hheshe mbhemu! Ake uphinde amazwi akho wethu. Ngithi zibambe ziqine!' Lapho uSandanezwe wayesethibise okwenkunzi. 'Amazwi ami athini? Khuluma uqonde wethu ungabe ulokhu ugigiyela.' 'Usabuza kanti!' Qu! Gilikidi! 'Ziphi izinsizwa zangakini? Angishongo ukuthi ngizokuthola? Vuka uzithathe.' Ngaleso sikhathi uZabalaza wayesebomvu phansi egqihisa okwenkomo igwaziwe. 'Kahle bo Sandanezwe ukumbulala. Sale usumyeka ngoba usewile, uzoze uzibangele amacala ngento engekho.' 'Ungathi yinto engekho kanjani? Angithi le nto ihambe ingigxibhela ikhuluma kabi ngami? Ngifuna ukukufundisa isifundo.' 'Ungishaya kanjena Sandanezwe ngoba izinsizwa zangakithi zingekho? Siyoze sinqwamane esikhaleni sezimpisi neziyendane ngiyakutshela.' 'Usakhuluma khona ukukhuluma mthakashana ndini? Ngizokuphahlaza ikhanjana khona manje,' kufutheka uSandanezwe esho emsikaza.

1.1 Ngubani udadewabo kaSandanezwe? (1)

1.2 Bhala isikhali esasetshenziswa uSandanezwe noZabalaza ngesikhathi belwa. (1)

1.3 Nikeza igama lensizwa eyayibhekana neziguli ezifikayo emzini kaNonkamfela. (1)

1.4 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka kumusho we-15 kuya kowa-20. (2)

1.5 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uSandanezwe wakwazi ukulondoloza kahle imali ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.6 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uNokulindela wayengasazi isizathu sokuthi uSandanezwe afune ukushaya uZabalaza. (2)

1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

'Ziphi izinsizwa zangakini? Angishongo ukuthi ngizokuthola? **Vuka uzithathe.'** (2)

1.8 UZabalaza kule noveli uvezwe njengomlingiswa onenhliziyo embi futhi ongayikhathalele imizwa yabanye abantu. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Qhathanisa okwashiwo isayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe kanye nokwashiwo uMbuyisa ngesikhathi ehlola umzimba wakhe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Uyavumalana yini nokuthi uNokulindela ungumlingiswa oyisicaba kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

1.11 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le noveli? Bhala amaphuzu AMATHATHU**.** (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

> "Cha ngiyezwa Mbeje, ngingekuphikise okushoyo ngoba nawe ukuthatha **kwabangasekho**, ngizokwenza njengoba usho baba. Ngiyethemba abakithi abangasekho bazoyikhanyisa indlela." La mazwi ayephuma ezwini elalizwakala ukuthi lidangele. Behlukana uNonkamfela esho ngenhliziyo ukuthi uphume nobomvu. Ngakusasa uSandanezwe nengoduso yakhe, amabombo bawasingisa kwelakubo ebaQulisini. Ngenkathi befika ekhaya wonke umuntu wethuka ukubona uSandanezwe ekhombisa ukungabi ngcono, isimo sakhe singesihle neze. Wabalandisa konke ngokwashiwo yinyanga. UMzulazula wakhombisa ukungeneliswa ukusebenza kwale nyanga kaSandanezwe, washaya phansi ngonyawo wathi eyakhe ingane ayiphindeli lapho. Wanquma ukuthi okungenani ayofela esibhedlela kunokuba abuyele enyangeni. Isalukazi esingunina naso sabhilita sithi, "Akusasizi baba, njengoba esenjena nje abelungu bazovele bamchithe bathi ubengalethwa ngani kubo esaphila. Futhi-ke bangahle bambophe uma bethola ukuthi unjenje kanti weqa nasesibhedlela."
> "Pho manje uthi makwenziwenjani ngalo muntu uma enje ngoba ngeke ngivume ukumgcina lapha ekhaya enje?"
> "Cha-ke okungenani sengingamane ngikhiphe amathodlwana ami okugcina, ngizoke ngimyise kwenze inyanga yakwaMbuyisa abayikhomba ngapha kwaCeza."
> "Akufanele leyo onto ilayezelwe, sekufanele kube yinto eyenziwa kusasa lokhu okusayo."

1.12 Ngubani lesi salukazi esixoxa noMzulazula kulesi siqeshana? (1)

1.13 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana esingenhla.

"Cha ngiyezwa Mbeje, ngingekuphikise okushoyo ngoba nawe ukuthatha **kwabangasekho…"** (1)

1.14 Kungani uMzulazula wayenganeliswa ukusebenza kwale nyanga kaSandanezwe? (2)

1.15 Kungani isalukazi sisho la mazwi alandelayo:
"Akusasizi baba, njengoba esenjena nje abelungu bazovele bamchithe bathi ubengalethwa ngani kubo esaphila…" (2)

1.16 Hluza isizinda sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.

1.16.1 Indawo (2)

1.16.2 Isikhathi (2)

1.17 Kwakuyisenzo esihle yini ukuthi uSandanezwe athandane nezintombi eziningi ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha kahle isihloko sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*-SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Ekuseni njalo ngoMsombuluko kuvukwa kuqondwe esitimeleni kuyogitshelwa. Izinsizwa ziyacula lapha kanti futhi kukhona abashumayela ivangeli khona lapha esimeleni. Kuya ngokuthi wena uhleliphi. Abanye baxoxa ngabafazi babo, besho nokusho ukuthi umfazi uyashawa uma ebheda. Uma ucabanga kancane, ungaze ubalekelwe umfazi ulalela abantu **behhuma** nje. Ziningi-ke izinto ezenzeka esitimeleni. Uma befika esiteshini lapho kwehliwa khona, ungathi ilapho isitimela siphela khona ngobuningi babantu abehla khona, kanti hhayi akunjalo kusazodlulelwa kwezinye iziteshi. Wejwayela-ke naye uManyoba kule fe**mu** eyayakha izindwangu**.** Evuka nezinsizwa zangakubo njalo. Wasebenza isikhathi esingangonyaka engumashanela. Kwathi nje engazelele ngelinye ilanga, wabizwa yinduna yathi uyafuneka ehhovisi likaNdabazabantu, wethuka kwabanda kwamancane, wabuza: “Sengenzeni nduna wangibizela ehhovisi likaNdabazabantu na?” Waphendula umfo kaNgobese wathi, “Hhayi! ungesabi wena kaPhakade kagugi kafi, uyotshelwa izindaba ezimnandi. Phela ndoda yamadoda lapha efemini uma uyotshelelwa emahhovisi amakhulu zisuke zimnandi. Asisheshe angaze athethe uNdabazabantu.” Nebala basheshe baze bayongena ehhovisi benenjabulo novalo futhi ngoba engazi ukuthi kuzothiwa akenzeni elukhuni ngoba yena bekusemnandi eguduza yonke ifemu ezishanelela nje.

2.1 Ngokwalesi siqeshana izinsizwa zigibela hlobo luni lwesithuthi somphakathi uma ziya emsebenzini? (1)

2.2 Bhala indawo lapho kwakuhlala khona uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli. (1)

2.3 Ngubani lo Ngobese okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana osifundile? (1)

2.4 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyayivamise ukwenzeka kwisithuthi somphakathi esasigitshelwa ngoManyoba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.5 Wathini uNgobese ngesikhathi uManyoba ebalisa ngokubizelwa kwakhe ehhovisi likaNdabazabantu? (2)

2.6 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uMaNdlovu ayeke umsebenzi wakhe wasemajalidini emva kokushada noManyoba. (2)

2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: "**behhuma**" sisho ...

A Ukulala.
B Ukucula.
C Ukubheda.
D Ukukhuluma. (1)

2.8 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, uManyoba wethuka kwabanda kwamancane? (2)

2.9 Tomula umusho okulesi siqeshana osikhombisa ukuthi uManyoba wayengakulindele ukubizelwa ehhovisi likaNdabazabantu ngalolu suku. *(2)*

2.10 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

2.10.1 Uvuthondaba. (2)

2.10.2 Isimo senhlalo kule ndawo. (2)

2.11 Chaza kafishane ngeqhaza/umsebenzi womlandi kule noveli. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Ezinye izinsizwa zajabula ukuzwa ukuthi usezohola kangcono njengoba babazi ukuthi usafanele athenge izinkomo zokulobola ingoduso yakhe ekhaya. Kulezi zinsizwa kwakukhona imizwilili yoqobo eyayicwenga kamnandi ngempela. Kwesinye isikhathi kwakuhlanganyelwa kuxoxwa ngezintombi abazishiye emakhaya. Kumbe kuxoxwe ngokukade kwenzeka ngoKhisimuzi emaceceni. NgoKhisimuzi kwenzeka kwahlangana izigodi komunye umgcagco zidlalisela ezintombini izinsizwa. Ukungcweka ikona **okwakudla ubhedu** kulo mdlalo wodumo. Izintombi ziyakikiza uma izinsizwa zishaya induku. Kusukwa kuhlotshiwe kulo mdlalo. Ezinye izinsizwa zidla imitshotshovu kanti ezinye zibhincile amabheshu azo anhlobonhlobo, wena owabona embukisweni woqobo. Izihlangu ezisuke ziphethwe zinhlobonhlobo. Kukhona eziphatha izihlangu ezimaqandakawayiba, ezimpevu kanye nezinhlobonhlobo ngokwehlukana kwemibala yezinkomo. Zisuke zidlana imilala kule nkundla okudliselwa kuyona. Izinsizwa zishayane amakhanda bese ziyogeza emfuleni, zibuye sezincokolisana zitshelana ukuthi ngokuzayo kuyokuba omunye oyobe ezogezwa lapha. Kwakungavamisile ukuthi izinsizwa zibambelane amagqubu ngemuva kokungcwekisana. Uma ungakaganwa, omama bakubuza njalo ukuthi uyoganwa nini. Naye-ke uManyoba kwakuwumbuzo ayewuphendula zonke izinsuku lo. Kwase kuwuye kuphela kubafana owayengakaganwa, kodwa-ke kulokhu wabethembisa ukuthi usezothatha abammele kancane nje. Wayeyishaya induku lo muntu owayekhulumela phansi futhi ehlonipha. Nangalo Khisimuzi wayehlobile emuhle njengawo wonke umfana osekhulile.

2.12 Ngubani isibongo sikaManyoba lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.13 Bhala igama lengoduso kaManyoba okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana osifundile. (1)

2.14 Ngokwale noveli yayidume ngani inkosi yaseMachunwini uSimakade. (1)

2.15 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe endabeni:

Ukungcweka ikona **okwakudla ubhedu** kulo mdlalo wodumo (2)

2.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.16.1 UDoda | A Umama kaNtombi. |
| 2.16.2 UMgoza | B Udadewabo kaFanyana. |
| 2.16.3 UMarriam | C Umfowabo kaManyoba |
| 2.16.4 UMaZondi | D Uthishanhloko wesikole saseGreytown |

(4)

2.17 Ngokucabanga kwakho ayezisola ngokweqiniso yini amadodana kaManyoba ngesenzo sawo sokumhlalisa ngokwehlukana nonkosikazi wakhe? (2)

2.18 Ukuziphatha kukaMaNene kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

2.19 Phawula ngekhono lombhali lokuqamba isihloko sale noveli. Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Sifiso ngibone intokazi enhle kabi ekuseni.' 'Ubuyibonaphi izingane zalapha zizimbi kangaka?' 'Ngenkathi ngiza lapha emsebenzini. Okusemqoka-ke ukuthi ngicabanga ukuyeshelela umshado nje kwaphela.' 'Kahle wena bo! Uqala nje ukuyibona?' 'Into ukuthi angazi ngingakuchazela kanjani. Ibigqoke kahle mfowethu ishaye ezimnyama bhuqe. Ubuso lobu kuyipentshisi. Angisaphathi ithanga layo mfowethu, ngithe uma ngilithi nhla, kwagijima igazi ngokushesha.' 'Angiyethembi le nto ongitshela yona Bhekani. Uthi akusiye umfelokazi lowo? Ubekhindeleni uze ubone amathanga nje? Sengathi akanasimilo nje lo muntu ombonile ndoda.' 'Ubuntu unabo mfowethu. Uyazi, kuwe iduku lami wangicoshela yena. Ngabona ukuthi cha usaphila-ke lo muntu. Hhayi ukuthi ubekhindile mfowethu isiketi besilokhu sipheshulwa umoya ngemuva.' 'Izingubo ezimnyama-ke zona?' 'Leziya Sifiso ezomswenko nje, akusiyo inzilo.' 'Uboqaphela Bhekani **ungahlangani nezimbila zithutha** lapha eNyawushane. Kuningi vele okugaqele bona abangakashadi njengani. Mhlolisise kahle lo muntu wakho. Nazane weneliseke kube yikhathi ukhuluma ngomshado.' Asingenanga kahle lesi seluleko ezindlebeni zikaBhekani.' Zase zivalwe uthando. Zase zivalwe uvalo lwephupho nolaka lukanina. Wayazi kahle ukuthi uma efika ekhaya unina uzombuza ukuthi ucabange wagcinaphi. Amehlo akhe ayelokhu ethe njo ewashini ejahe ukuba kuphume isikole.

3.1 Ngubani igama lomngani kaBhekani abaxoxa naye kulesi siqeshana? (1)

3.2 Bhala umbala wezingubo ezazigqokwe yintokazi okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana? (1)

3.3 Nikeza igama lensizwa eyayifuna ukungena uTholakele ngenkani. (1)

3.4 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka kumusho we-10 kuya kowe-15. (2)

3.5 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi kwaba yisibusiso kuBhekani ukuboshwa kukaTholakele bengakashadi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.6 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uBhekani akasilalelanga iseluleko ayesitshelwa ngumngani wakhe ngalolu suku. (2)

3.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

'Uboqaphela Bhekani **ungahlangani nezimbila zithutha** lapha eNyawushane. (2)

3.8 UZenze kule noveli uvezwe njengomlingiswa onenhliziyo embi futhi ongayikhathalele imizwa yabanye abantu. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Qhathanisa okwenzeka ngesikhathi uLindiwe efika okokuqala kubo kaBhekani kanye nangesikhathi esefika okwesibili emva kwezinyanga ezinhlanu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Uyavumalana yini nokuthi uPamella ungumlingiswa oyisicaba kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

3.11 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le noveli? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Kwathuleka endlini. Isalukazi sabheka phezulu sengathi siyathandaza. Amehlo agcwala izinyembezi ngokushesha. Sabuka uBhekani emehlweni futhi. "Angazi ukuthi ngizoyenzenjani le nto ngoba phela wena uyisifundiswa." "Usho ukuthini mama?"

"Impela. Ulaka lukayihlo lolu. Ngisho ungaya esangomeni uyobhula siyokutshela le nto engiyishoyo." Wathula uBheki, wabuka unina engangculiswa yile nkulumo yakhe. Walindela okungcono, akwababikho. Kwalandela okumxakayo futhi. "Thatha impepho mfana uyishise uxolise kuyihlo." "Angiyazi le nto oyishoyo mina mama."

"Ngizokufundisa," esho **ekhahla** unina. "Ngixolisa nje icala lami yini ngempela kubaba?"

"Usumtholile umfazi okwathiwa mfune azokugana? Angithi usuke wagijima nabafelokazi?" Walizwa icala lakhe uBheki. Wakhumbula ukuthi leli cala uzimisele ukulithwala noma kunzima kangakanani. Wathula wabuka unina. "Ngizoyishisa kusasa impepho mama."

"Uyazi noma uzobulala ubuthongo namuhla uyihlo?"

"Ngizolala. Bukhulu lobu buhlungu asengizwise bona." Isalukazi sasuka saphuma sayozilalela samshiya kanjalo uBheki ekhamisile. Kwafika kuye ukuthi cha, impempo uzoyishisela ukuthi uyise emukele uTholakele njengomakoti wakhe. "Kufanele ukuthi naye ubaba uyabona ukuthi ngiyamthanda uTholakele. Ngizocela ukuba azame ubaba ukumthatha njengomakoti walapha ekhaya." Ukhuluma yedwa uBheki ulungiselela ukulala.

3.12 Ngubani lesi salukazi esixoxa noBhekani kulesi siqeshana? (1)

3.13 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana esingenhla.

Ngizokufundisa," esho **ekhahla** unina. (1)

3.14 Kungani umalume kaBhekani ayengahambisani nokuthi umshana wakhe uthandane/ashade noTholakele? (2)

3.15 Kungani uBhekani esho la mazwi alandelayo?

"Ngizolala. Bukhulu lobu buhlungu asengizwise bona." (2)

3.16 Hluza isizinda sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.

3.16.1 Indawo (2)

3.16.2 Isikhathi (2)

3.17 Kwaba yisenzo esihle ukuthi umama kaBhekani atshele umfowabo indaba yokuthi uBhekani ufuna ukushada. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.18 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha kahle isihloko sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

*Kusesibhedlela, inkosi ilele embhedeni. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, usayitsheni, uMaShezi kanye noDuma.)*

MAZONGOLO: Ngicela ukuthandaza. Masivaleni amehlo. *(Bonke bavale amehlo bahlanganise izandla)* Jehova Madali weZulu nomhlaba, siyazithoba phambi kwakho. Siyabonga baba ngokusinika leli thuba elisezandleni zethu njengamanje. Baba, sicela wehlise umoya wakho oyiNgcwele usilawule. Kukho konke esizokwe*nza,* kube yilokho okuthandwa nguwe. Uphinde baba uvakashele isizwe senkosi uShandu. Baba uthele umoya wakho kuso lwehle ulaka. NoNdabezitha baba msikelele, wenze izimanga zakho asinde abuyele ekhaya. Nemindeni esemanzini njengamanje yibophe ngebhande likamoya oyiNgcwele. Konke lokhu sikucela egameni lomfeli wethu uJesu Kristu, Amen.

ABANTU: Amen.

SHANDU: *(Ngezwi elikhathele)* Mfundisi, ngiyabonga. Nawe MaShezi, ngiyabonga kuwe. Ngingakhohlwa nguwe sayitsheni.

MAZONGOLO: Hhayi-ke yithuba elihle leli. Okokuqala nje mina ngiyathokoza ngoba uma ngiyibheka inkosi, ngiyibona izolulama. Cha, bayasebenza odokotela *(eqondise kumfundisi)* Baba Mfundisi odokotela bayasebenza ngoba nangu

MANGEMA: ubaba ebonakala eswabuluka. Mina bengithi sekuphelile. Cha, bathe akazungena engozini futhi kusize kona ukumphuthumisa kwethu. *(asondele ngasenhla kombhede. Uhlikihla izandla njengomuntu ohloniphayo.)* Ndabezitha, shwele. Kunje nje, kungenxa yami…

DUMA:

4.1 Bhala umndeni OWODWA ohleli emanzini. (1)

4.2 Sifo sini esabe siphethe inkosi uShandu? (1)

4.3 Ngobani ababevakashele inkosi esibhedlela ngalolu suku? Bhala ABABILI. (2)

4.4 Yini eyenziwa nguMaShezi noMaNgema ekuletheni uxolo kule ndawo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.5 Bhala izinhlelo zentuthuko EZINTATHU ezazizolethwa yikhansela kule ndawo. (3)

4.6 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uShandu uyalulama esibhedlela. (2)

4.7 Chaza ukuthi kwaba namthelela muni emphakathini wakule ndawo ukushona kukaDlamini? (2)

4.8 Abadlali abalandelayo babambe liphi iqhaza kulo mdlalo?

4.8.1 UMazongolo. (2)

4.8.2 UMbandlwa. (2)

4.9 Yibuphi ubuhlakani obenziwa inkosi uShandu ukuze kube noxolo endaweni. Bhala ngamaphuzu **AMATHATHU.** (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

(*Emagcekeni esikole kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikaHulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu* ***batheleke ngezinkani****. Umfundisi nguye ongusihlalo.)*

MAZONGOLO: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. *(Alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde)* Ithi inkosi yesizwe sakithi, "Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo, okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibaluleke kakhulu ekucisheni lomlilo. Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame **bayimbokodo.** Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisa nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe…

4.10 Wawukuyiphi indawo lo mhlangano wokudala uxolo ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

4.11 Buhlobo buni obukhona phakathi kukaMaMsomi noDlamini? (2)

4.12 Umusho osencwadini yenkosi othi, "Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami." uhambisana kanjani nesizinda sesikhathi salo mdlalo? (2)

4.13 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngamagama agqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

4.13.1 Abantu **batheleke ngezinkani.** (2)

4.13.2 abantu besimame **bayimbokodo.** (2)

4.14 Ukuba isigameko sikaMaShezi sokuyobonisana noMaNgema sasingafihlekanga kuDuma noMbandlwa kwakuyokwenzekani? (2)

4.15 Ukuba wena wawunguDuma yini owawungayenza ukuvimbela ukufa kwabantu. (2)

4.16 Umbhali uphumelele yini ukusivezela kahle isisusa sodweshu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA I

NHLEKO: *(Emangele)* Wathi kanti ubengakafi? Uwubuziswa yini lowo mbuzo?
SONTO: *(Ekhuluma into engezwakali.)* Cha…e…ukuthi bengikuzwe uthi udutshuliwe. Imvamisa umuntu odutshuliwe…
NHLEKO: Cha! Yena utholakale engakafi. Kodwa akubonakali ukuthi uzophila.
SONTO: *(Sakukhululeka)* Hhayi, kungcono-ke uma kunjalo.
NHLEKO: Kungcono ukuthini? Ukuthi akakafi noma ukuthi awekho amathemba?
SONTO: Hawu, wadlala ngami nje mfowethu?
NHLEKO: Cha, bengibuza nje, ngifuna ukuba nesiqiniseko.
SONTO: Kodwa nje ubani ongadubula uMfundisi, ethi umdubulelani?
NHLEKO: Okwamanje kusolakala sengathi ukuhlasela kumayelana nemali ngoba kutholakale ingcosana yemali phansi endlini.
SONTO: *(Ethukile)* Ngamanye amazwi bukhona ubufakazi…*(Abuye azibambe.)*
NHLEKO: Nkosikazi Mbhele, wena umgcine nini uMfundisi Zondo?
SONTO: Ngimgcine izolo ntambama.
NHLEKO: *(Ebhalabhala ebhukwaneni aliphethe.)* Kuphi?
SONTO: Besilapha ekhaya.
NHLEKO: Bekwenzenjani?
SONTO: Bekubalwa umnikelo webandla.
NHLEKO: Benibangaki?
SONTO: Besibathathu ngaye uMfundisi.
NHLEKO: Nize nahlukana nini?
SONTO: Bese kuntambama impela.
NHLEKO: Ungahlawumbisela isikhathi?
SONTO: Bekungaba ihora lesikhombisa.
NHLEKO: Imali nibe seniyenzanjani?
SONTO: Ihambe naye uMfundisi.
NHLEKO: *(Ngokumangala)* Nguyena yini umuntu ophatha izimali?
SONTO: Njengoba kungavulwa ebhange ngamaSonto sibe sesivumelana ngokuthi ayihambe noMfundisi ukuze avuke ekuseni ayoyidiphozitha ebhange.
NHLEKO: Ivamile ukuhamba noMfundisi?
SONTO: Cha, ubaba obesisiza usesebenzela kwenye indawo.
NHLEKO: Kungani ninqume ukuyihambisa noMfundisi, kungabi omunye wenu?

5.1 Kungani uNhleko weyezobona uSonto ngalolu suku? (1)

5.2 Bhala isibongo somfundisi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

5.3 Yini eyenza ukuthi uSonto akhululeke emva kokuba uNhleko esho la mazwi alandelayo:

"…Kodwa akubonakali ukuthi uzophila." (2)

5.4 Ubani obizwa ngoSibalukhulu kulo mdlalo? Bhala isibongo sakhe. (1)

5.5 Umfundisi wangeniswa esibhedlela enamanxeba amabili okudutshulwa. Shono ukuthi ayekuphi lawo manxeba. (2)

5.6 Kwaba namthelela muni ukuboshwa kukaSonto kuZinhle? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.7 Chaza ngobudlelwane phakathi kukaMthofi noToronto. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.8 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka ngesikhathi uMthofi efika okokuqala emzini kaMbhele emva kokuphuma ejele. (3)

5.9 UMbhele uvezwe njengomlingiswa onjani kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.10 Ekuqaleni kwalo mdlalo uSonto uvezwe njengomuntu othembekile emphakathini wangakubo. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

5.11 Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

MTHOFI: Ngiqinisile, ngadonsa *Fifteen years* wonke, kodwa lo doti ujika uyangi....

NHLEKO: *(Ekhuluma uMthofi engakaqedi ukukhuluma)* Usenikhokhele ngokubulala umyeni wakhe?

MTHOFI: *(Enxapha)* Lutho, kangithi yikho nje silapha? Sizofuna imali ye...

NHLEKO: Kulungile-ke madoda senisebenzile nasinciphisela umsebenzi. Sengiyanithatha-ke ngihamba nani.

TORONTO: Uhamba nathi uyaphi?

NHLEKO: Ngiyanibopha. Seniyochaza phambili.

MTHOFI: Hawu madoda, kalula kangaka pho! Waze wangenza lo doti wesigangi madoda!
*(Abafake izinsimbi abavalele evenini. Angqongqoze endlini kungavuli muntu, aphenduke angene evenini, ayidumise ihambe.)*

NHLEKO: *(Ekhuluma yedwa eshayela)* Kodwa kade ngangisola ukuthi lo Sonto unesandla ekufeni kukankosikazi kaMbhele. Sesinabo nobufakazi, okusele ukuthi simbophe. Usezobhekana namacala amabili okubulala, nginamanga, mathathu amacala okubulala azobhekana nawo ngoba nampa oMthofi bavumile ukuthi babulala uMbhele ngoba bethunywe yiso lesi sikhohlakali. Sekumphelele ngempela manje. Ingabe useyephi ebusuku kangaka ngoba ngabe uyaboshwa kwamanje? Kodwa kufanele singamtatazeleli. Ngizobuya kusasa sengihamba namanye amaphoyisa sizomhlasela kahle ntambama ngale nkathi ezitshela ukuthi uphumule. Okufanele ngikwenze nje manje ngukulungiselela icala likaMaNsibande elikusasa. Emva kwalo, hhawu, kuyasuka lokho, uyaboshwa uSonto.
*(Aqhubeke nokushayela aze ayofika esiteshini samaphoyisa.)*

5.12 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

5.13 Yini eyenza ukuthi uToronto noMthofi balikhulume lonke iqiniso ngalolu suku? (1)

5.14 Bhala amacala AMATHATHU enziwa nguSonto kulo mdlalo. (3)

5.15 Ukuba isigameko sokubulawa kukaMaNtuli sasingafihlekile kuMbhele kwakuyokwenzekani phakathi kwakhe noSonto? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.16 Phawulo ngomqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.17 Yini umsebenzi wenkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalo osihloko sithi: Icala Kaliboli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.18. Ukuba wawunikwa ithuba lokweluleka uMbhele ngobungozi bokuba nomakhwapheni/intombi ebe eshadile, wawuyomeluleka uthini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.19. Ungakujabulela yini ukushada nomuntu ongusomabhisinisi njengoMbhele? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO-N Zulu***

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| SIPHO: | Kodwa uthe uyaphi ekhaya? |
| THENJIWE: | Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe. Kodwa uhleli kanjani lapha? |
| SIPHO: | Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. *(Zicwebe izinyembezi).* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje. |
| THENJIWE: | Ngiyakuzwela Sipho. Icala lakho kuthiwa yini ngempela? |
| SIPHO: | Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani. |
| THENJIWE: | Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu. |
| SIPHO: | Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi. |
| THENJIWE: | Awusasho ngani ukuthi abangibize? |
| SIPHO: | Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo. |
| THENJIWE: | Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani futhi. |
| SIPHO: | Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene. |
| THENJIWE: | Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza. Kwenzelwa ukuba ngigane uDumisani? |
| SIPHO: | Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele. |
| THENJIWE: | Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina ngimenzakalisile. |
| SIPHO: | Uthanda ngidilikelwe yijele? |
| THENJIWE: | Cha. Uyazi inhliziyo yami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza. |

6.1 Kungani uThenjiwe engabatshelanga abakubo ukuthi wayezobona uSipho ngalolu suku? (1)

6.2 Ngubani uDumisani okhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

6.3 Ubani obizwa ngoManzini kulo mdlalo? (1)

6.4 Yini eyanza ukuthi uSipho abuze uThenjiwe lo mbuzo olandelayo:

Uthanda ngidilikelwe yijele? (1)

6.5 Ngesikhathi uSipho eseboshiwe abamtshelanga ngecala lokugwaza uDumisani. Shono ukuthi yiliphi icala okwathiwa uboshelwe lona. (2)

6.6 Kwaba namthelela muni empilweni kaThenjiwe ukushona kukaSkhumbuzo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.7 Chaza ngobudlelwane phakathi kukaMaNzuza noMaMbatha. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.8 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka ngesikhathi uThenjiwe etshela abakwaManzini ukuthi ucabanga ukuvakashela kubo. (3)

6.9 UMaMkhize uvezwe njengomlingiswa onjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.10 Ekuqaleni kwalo mdlalo uDumisani uvezwe njengomlingiswa oweseka uThenjiwe esifisweni sakhe sokuqala kabusha impilo yakhe. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

6.11 Umbhali ukwazile yini ukusivezela ingwijikhwebu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| MONDISE: | Usuhlale isikhathi eside lapha ndodakazi. Kuzofuneka ngikubuyisele emzini. |
| THENJIWE: | Hawu baba! |
| MONDISE: | Impela. Unyoko nami sesikuchazele kabanzi ngesiko lokungenwa. Akusekho esingabuye sikusho okudlula lokhu. |
| THENJIWE: | Ngizwile nami baba. Inkinga idalwa ukuthi anginalo uthando lukaDumisani mina. |
| MONDISE: | Uqinisile. Akulula umthande engekho eduze. Yikho ngithi buyela emzini nabo bazame abangakuzama manje. |
| THENJIWE: | Okungcono ngizovele ngiyozihlalela kwasisi mina. |
| MONDISE: | Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini. Ufuna ukubonani kanti? Ufuna ngikubambe ngezandla? (Zigcwale amehlo) |
| THENJIWE: | Ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani. |
| MONDISE: | Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambopha ngokushesha uSipho. |
| THENJIWE: | Hawu baba. USipho uboshiwe? |
| MONDISE: | Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani. |
| THENJIWE: | USipho akanacala. Wayengilamulela. |
| MONDISE: | Ukhona umuntu olamula ngommese. Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe uma ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila. |
| | Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni. |

| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga |
| MONDISE: | ngani onke amasiko esintu. Cishe naye ufuna ukulahlela umlomo okokugcina. |

6.12 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

6.13 Yini eyenza ukuthi uMondise afune ukuphisela uThenjiwe emzini ngokwalesi siqeshana? (1)

6.14 Bhala izinto EZITHATHU uThenjiwe zitshelwa nguMaNzuza ngesikhathi behlangana endleleni. (3)

6.15 Ukuba isigameko sikaThenjiwe sokufakela uDumisani ushevu sasifihlekile kuThabi kwakuyokwenzekani kuDumisani? (2)

6.16 Yini/ngubani ongumqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.17 Yini umsebenzi wenkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalo osihloko sithi: Isiko nelungelo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.18 Ukuba wawunikwa ithuba lokweluleka uMaMbatha ngobubi bokuphoqa umuntu wesifazana ukuthi ashade nomuntu angamthandi, wawuyomeluleka uthini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.19 Ungakujabulela yini ukuba nomngani onjengoSipho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
## *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### UMBUZO 7

7.1 **Wakubona Wakubeletha - M.T. Mkhize**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA M

> Impela lokho nami ngiyakuzwa MaKhumalo, kodwa manje lokhu kukaCele khona kwabe kwehlukile ngoba uCele ngabe ngimaze kudala esengumnumzane ohloniphekile. Kodwa ngethuswa yisimo ayesekuso sempilo. Angithi uyabona nje lapha kule ncwadi-lucingo MaKhumalo ukuthi abayiphathi indaba yokuthi angase angcwatshwe nguHulumeni uma ngingamlandi, kodwa bakhuluma indaba yokuthi bazongibopha. Mina-ke sengincamela khona ukuba ngiboshwe."
> "Uma-ke uboshwa yise kaNomasonto thina ebese sisala nobani lapha ekhaya?" ebuza ngokwehlisa umoya uMaKhumalo. "La madoda anemizi ahlale eboshwa imihla namalanga wona kuye kwenzeke kanjani emizini yawo?" "Phela kusuke kuyizigemegeme eziwaqhamukele engalindele, kanti wena uzifakile kulolu taku." "Usho ukuthi MaKhumalo le ncwadi ifika nje bengivele ngiyilindele?" "Kanti wena wathi uma umfaka esibhedlela lowo Cele wakho wathi uyokhokhelwa ngubani imali yokungeniswa esibhedlela? Kuzodingeka ukuba uyithwale yonke-ke imiphumela yesihe sakho esikhulu." "Mina ngangizama ukusindisa umphefumulo. Engingase ngikwenze nje manje ukuba ngizame ukuthola izihlobo zikaCele." "Usho ukuthi uzokuya le eMzimkhulu manje uyofuna izihlobo zikaCele?" kubuza uMaKhumalo.

7.1.1 Ngubani ingane kaMaKhumalo? (1)

7.1.2 Wayithola kanjani uBekezela indaba yokudlula emhlabeni kukamnumzane Cele? (1)

7.1.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizokwenziwa nguBekezela ukuzama ukuthola izihlobo zegazi zikaMnumzane Cele? (1)

7.1.4 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uMaKhumalo athi kuZulu, kanti wena uzifakile kulolu taku? (1)

7.1.5 Caphuna okwashiwo nguMaKhumalo ngesikhathi uZulu esho lamazwi alandelayo: "…Mina-ke sengincamela khona ukuba ngiboshwe." (1)

7.1.6 Fingqa kafushane okwenzeka esiphethweni sale ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.7 Nikeza indikimba yale ndaba bese usekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Isingeniso sale ndaba sihle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.9 UMaKhumalo ungumuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.10 Le ndaba inomoya oxubile. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.11 Ngabe umbhali ukwazile yini ukulandela umgomo omayelana nokuqoqeka kwabalingiswa endabeni emfushane. Sekela impendulo yakhe ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

7.2 **Inja Nengalo : N.A.P. Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA J**

Kuselokishini eMpithi. Seliphakeme ilanga. Uhlezi uJoana ngasemgwaqeni. Eceleni kwakhe kukhona indishi enkulu empunga, igcwele inyama. Uyayithengisa omdala. Kukhona nembawula yamalahle akhethekile. Phela ofuna ukuba inyama yosiwe, uyoselwa. Kukhona-ke nesigubhu sotshwala. Akuthandabuzwa-ke ukuthi ewuJoana iyazifela **ngamanzi amponjwana**. Imicabango ifika iyadedelana nje njengoba ehlezi engaxoxiswa muntu. Nokunguyena muntu amlinde ngamnyama namuhla, uBhekani, akakaqhamuki. Mhlawumbe useyoziqhamukela ngesakhe nje isikhathi sekwaba ntambama. Nokukhwehlela akusamnike thuba ngempela. Nokho kubuye kuthi damu isikhashana. Dukuduku kuqhamuke uGrace umngane wakhe omkhulu. Amomotheke yedwa uJoana lapho embona umngane wakhe eqonde ngqo kuye. Ubesefile nayisizungu, nakhu-ke umhlobo wakhe esezomxoxisa. Nokungafiki kukaBhekani lokho ngeke kusaba yinto emhlupha kakhulu kangako. OGrace noJoana bakhule ndawonye bentanganye. Babebizana ngamagama abo esilungu besafunda, kwathi noma sebephumile esikoleni babelokhu bebizana kanje. Phela benza njalo nje ngoba abasawafuni onkabi awesiZulu amabizo, uJoana nguStofu, uma wazi isitofu lesi esibaswayo. UGrace yena nguNtombise ongathandabuzwa. Esigodini saseZigele lapho bakhulela khona, baziwa ngisho yingane encane ngala magama abo. Kuthe-ke noma sebeshada, baba nenhlanhla, baganela elokishini laseMpithi...

7.2.1 Yini le edayiswa nguJoana emgwaqeni? (1)

7.2.2 Ngubani umlingiswa owayedayisa ngobisi? (1)

7.2.3 Nikeza indawo okwenzeka kuyo le ndaba emfushane. (1)

7.2.4 Yini umsebenzi womlandi/umxoxi kulesi siqeshana esingenhla? (1)

7.2.5 Bhala isizathu esenza ukuthi uJoana aye ukuyobona inyanga. (2)

7.2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo:..ukuthi ewuJoana iyazifela **ngamanzi amponjwana**. (2)

7.2.7 Lutholakala kuphi uvuthondaba kule ndaba? (2)

7.2.8 Ucabanga ukuthi kusho ukuthini ukwembesa umuntu inkunzi yejazi? (2)

7.2.9 Yini ekhombisa ukuthi uJoana ungumlingiswa ongenandaba nempilo yabathengi ayebathengisela inyama? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.10 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndaba emfushane. (2)

7.2.11 Uphumelele yini umbhali ukusivezela umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA*** **– EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 6.1 NOMBUZO 6.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**IZIMOMONDIYA - ZB Gama**

Ngizibonile ezinhle kakhulu
Amalamb' edlile uqobo,
Omashayela phezulu boqobo,
Ngisho amankisimane ansundu
Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
Izintombi zendlu empisholo.

Amakhanda agcwele ayachichima,
Ulwazi lobuchwepheshe besimamanje,
Izimomondiya ezisebenza zihlezi,
Yeka iminwe ukuchofoza,
Iminwe egijima iye le,
Ibuye emuva, iye phambili.

Amehlo agqolozele ibhokisi,
Iminwe ichofoza amathambo,
Ngisho amathambo amhlophe,
Agqize ngomnyama umbala,
Okomfaniswano wezingane zesikole
Zigxumagxuma emabaleni.

Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
Egidagida phezu kwamathambo,
Ngisho amathambo amhlophe
Ibhale umyalezo wansondo
Yeka ubuciko bekhompuyutha,
Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.

Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
Umshini okhuluma buthule,
Umshini obuza buthule,
Yisimangaliso lesi sakobelungu.
Esifinyeza umsebenzi omkhulu
Isimangaliso ubaba nomama.

8.1.1 Tomula umugqa ofakazela ukuthi lezi zintokazi zinokhalo/zinezisu ezincane. (1)

8.1.2 Bhala izinto EZIMBILI imbongi ezincomayo kulezi zintokazi ngokwesitanza soku-1. (2)

8.1.3 Bhala elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo mugqa olandelayo:

'Izintombi zendlu **empisholo**.' (1)

8.1.4 Ngokwale nkondlo yini le egcwele emakhanda ezintokazi okukhulunywa ngazo? (1)

8.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Hlobo luni lwenzwa olutholakala kulo mugqa olandelayo?

'Iminwe egijima iye le,'

A Inzwa yokuhogela.
B Inzwa yokulalela.
C Inzwa yokubona.
D Inzwa yokunambitha. (1)

8.1.6 Phinda ubhale le migqa elandelayo udwebela isibonelo semvumelwano bese ubhala nohlobo lwayo.

Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
Egidagida phezu kwamathambo,
Ngisho amathambo amhlophe (2)

8.1.7 Bhala umugqa onesizura otholakala kule nkondlo. (1)

8.1.8 Yimaphi amanye amagama asetshenzisiwe kule nkondlo asho abantu abamhlophe? Bhala AMABILI. (2)

8.1.9 Bhala umugqa onesifengqo esiyisifaniso otholakala kule nkondlo. (2)

8.1.10 Ngamaphuzu AMABILI phawula ngomqondo wale nkondlo. (2)

8.1.11 Uyavumelana yini nokuthi ikhompuyutha yenza imisebenzi ebalulekile. Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA - FF Mbatha**

Sinizwa kahle zikhulumi,
Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
Sikushaye indiva ukubalisa kwezinhliziyo,
Sikholwe singakholwa yiqiniso –
Umfowethu uselifulathele elakwamhlaba.

Siyanizwa zikhulumi,
Nithi asigwiny' itshe singemifula,
Silalel' usizi lusijijimeza,
Lusijijimeza ngemicibisholo,
Ngemicibisholo yezinhlungu.

Bekufanele yini
Ukufa kumakhel' uzungu,
Kancane kancane kumcathamela,
Kumcathamele kumholele ophathe
Engazelele kumbhozomele kumjuqe?

Bekufanele yini
Ukufa kusine kuzibethele,
Iminjunju idlale ngaye
Izinhlungu zichachaze kuye.
Ubuhlungu bube buhlungu kabuhlungu?

Bekufanele yini
Impophoma yezinyembezi igobhoze,
Ithantala lezinyembezi ligeleze,
Ligeleze njalo lemuke nempilo,
Impilo okungukuphela kwayo?
Bekufanele yini
Injabulo nezifiso zingafezeki,
Ukufa kumhlwithe ngesidlozana?
Kufa awunanembeza,
Ngokudla fumuka udle silaza.

Siyanizwa baduduzi,
Nith' asigwiny' itshe sixole.
Nithi lena yingoma mtshelekwana,
Akukhethi bala nanyaka
Kudla fumuka kudle silaza

8.2.1 Yini le edla fumuka idle silaza? (1)

8.2.2 Tomula umugqa esigabeni soku-1 ofakazela ukuthi kukhona oshonile. (1)

8.2.3 Bhala impindwa etholakala kule nkondlo kusukela esitanzeni sesi-3 kuya kwesesi-5. (2)

8.2.4 Bhala isibonelo sokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-3. Bhala imigqa ephelele bese uyakudwebela, usho nokuthi kuluhlobo luni? (3)

8.2.5 Imbongi ibhale le nkondlo njengomuntu wokuqala. Ngamaphuzu AMABILI sekela lesi sitatimende ubhekise esitanzeni sesi-2. (2)

8.2.6 Isigqi sale nkondlo siyanensa. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.2.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emgqeni olandelayo:

‘Nithi **asigwiny' itshe** singemifula,’ (2)

8.2.8 Bhala uhlobo lwale nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.9 Imbongi iphumelele ukudlulisa umyalezo ngale nkondlo. Sekela lesi sitatimende ngokubhala umyalezo. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE : 70**